IBhayibheli LaBantwana
Likulethela

Ukuqala
Kokudumala
Komuntu



Ibhalwe ngu: Edward Hughes
Kwabonakala ngu: Byron Unger; Lazarus; Alastair Paterson
Ifanekiswe ngu: M. Maillot; Tammy S.
Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala
Ikhiqizwe ngu: Bible for Children
www.M1914.org

BFC
PO Box 3
Winnipeg, MB R3C 2G1
Canada

©2021 Bible for Children, Inc.
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.

UNKULUNKULU WADALA YONKE INTO! Ngenkathi uNkulunkulu edala umuntu wokuqala, u-Adamu, wahlala engadini yase-Edene kanye nonkosikazi wakhe, u-Eva.

Babenenjabulo emsulwa belalela uNkulunkulu bezijabulisa ebusweni bakhe, kwathi ngelinye ilanga ...

"Ngempela uNkulunkulu ushilo ukuthi: 'Ningadli kuyo yonke imithi yasensimini' nah?" kusho inyoka ibuza u-Eva. "Singadla izithelo zemithi yasensimini, kepha ayi izithelo zomuthi ophakathi nensimu," kusho u-Eva. "uma sidla noma sithinta lesosithelo, singafa nokufa." Yaphendula inyoka yathi, "Angeke nife."



“Niyokuba njengoNkulunkulu,” kusho inyoka.
U-Eva wase esifuna lesithelo saleso sihlahla.
Wayilalela inyoka bese wasidla isithelo.

Emuva kokuphambana nesiyalo sikaNkulunkulu, u-Eva wayesenika no-Adamu ukuba asidle naye. U-Adamu kwakumele athi, “Cha! Ngeke ngiphambane nezwi likaNkulunkulu.”

Nkenkathi u-Adamu no-Eva bona,
bavuleka amehlo babona ukuthi bahamba
nqunu. Bathunga amaqabunga omkhiwane
bazenzela izibhinco bacasha.


Ngokuhlwa, ngokuphola kwelanga uNkulunkulu wafika engadini. Wayesekwazi okwenziwe ngu-Adamu beno-Eva. U-Adamu wathi owesifazane onginike isithelo ukuba ngidle. U-Eva wathi inyoka inginike isithelo ukuba ngidle. Wathi uNkulunkulu enyokeni, "Iyoqalekiswa inyoka. Owesifazane uyokubeletha abantwana ngobuhlungu."

“Adamu, ngoba wonile, umhlaba uyaqalekiswa ngenxa yezenzo zakho. Uyokuvezela ameva namakhakhasi. Uyokusebenzela kanzima ukudla kwakho kuzekube ubuyela emhlabathini.”



UNkulunkulu wabaxosha engadini yase-Edene o-Adamu beno-Eva. Ngokuba bona, bahlukana noNkulunkulu wokuphila!



UNkulunkulu wenza inkemba yelangabi ukuze bengabuyeli. UNkulunkulu wabenzela u-Adamu benomkakhe iziphuku wabembathisa. Kaze uNkulunkulu wazithathaphi izikhumba zokwenza iziphuku na?



Ngokuhamba kwesikhathi, u-Adamu beno-Eva baba nomndeni. Indodana yabo yokuqala, uKayini, waba ngomlimi. Indodana yabo yesibili, u-Abela, waba ngumelusi.

Kwathi emva kwezinsuku ezithile uKayini waletha kuJehova umnikelo wezithelo zomhlabathi. Naye u-Abela waletha umnikelo wezimvu zakhe ezinonile.

UJehova wanaka u-Abela nomnikelo wakhe.

Kepha uKayini nomnikelo wakhe akawunakanga. Wayesethukuthela kakhulu uKayini. Kodwa wayesethi uNkulunkulu, "Angithi uma wenza kahle, uyamukeleka na?"

Intukuthelo kaKayini ayizange yaphela. Ngokudlula kwesikhathi uKayini wahlasela u-Abela ensimini - wambulala!



Wayesethi uNkulunkulu kuKayini. "Uphi umfowenu, u-Abela na?" "Angimazi," kusho uKayini eqamba amanga. "Ngingumlindi womfowethu na?" UNkulunkulu wajezisa uKayini wamuphuca ikhono lokulima wamenza umahamb'ema wamenza nozulane.

Wayesesuka uKayini ebusweni bukaJehova.
Wayeseshada indodakazi ya-Adamu
beno-Eva. Bakhulisa umndeni.
Maduze, inzalo kaKayini yagcwala
idolobha ababelitholile.

Kusenjalo, umndeni ka-Adamu beno-Eva wawukhula masinyane. Ngalezozinkathi, abantu babephila isikhathi eside kakhulu kunalaba balamuhla.



Ngenkathi kuzalwa uSeti,u-Eva wathi, “UNkulunkulu ungiphe uSeti ukuze ngivale isikhala sika-Abel.” uSeti wayeyindoda emusabayo uNkulunkulu, waphila iminyaka eyamakhulu ayisishiyakalolunye neshumi nambili waba nabantwana abaningi.



UNkulunkulu wabona ukuthi ububi bomuntu bukhulu emhlabeni nokuthi zonke izizindlo zemicabango yenhliziyo yakhe yimbi njalo. UNkulunkulu weyasenquma ukuba amubhubhise umuntu kanye ...

... nazo zonke izilwane zasendle nezinyoni.
UNkulunkulu wayesezisola ukuthi
wayebenzile abantu emhlabeni,
wadabuka enhliziyweni yakhe.
Kodwa kwakukhona indoda
eyathola umusa emehlweni
kaNkulunkulu ...

Lendoda kwaku nguNowa.
kwakuyisizukulwane sikaSeti.
uNowa wayeyindoda eqotho,
engenacala. UNowa
wayehamba
noNkulunkulu.

Waphinda wafundisa amadodana
akhe amathathu ukwesaba uJehova.
Manje uNkulunkulu wayenecebo
lokusebenzisa uNowa ngendlela
exakayo futhi
ekhethekile!

Ukuqala Kokudumala Komuntu

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

Isahluko 3-6

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130

Yaphela

Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami ungithethelele izono zami, ukuze ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke! Johane 3:16